BEKA UVO LWAKHO

Isichibiyelo soMthethosivivinywa Wezabantwana WoBulungiswa [B 32B-2018]
(iNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke– isigaba sama-75)

Isimemo sezeThulo eziBhaliwe

IKomidi loMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe Elibhekele ezokuVikela noBulungiswa limema ababamba iqhaza kanye nabantu abanentshisekelo ukuba bathumele izethulo ezibhaliwe **mayelana neSichibiyelo soMthethosivivinywa Wezabantwana WoBulungiswa [B 32B-2018]** (iNdlu yesiShayamthetho– isigaba sama- 75)**.**

Isichibiyelo soMthethosivivinywa Wezabantwana WoBulungiswa phakathi kokunye uhlose ukwenza lokhu:

- **Ukuze kuchitshiyelwe uMthetho Wezabantwana WoBulungiswahe, wezi-2008;**
- **siqhubeke nokulawula iminyaka engaphansi kwalabo abangashushiselwa ubugebengu;**
- **siqhubeke nokulalwula ukuhlinzekwa okumayelana nesinqumo sokushushisa umntwana oneminyaka eyi-12 noma ngaphezulu kodwa engaphansi kweminyaka eyi-14;**
- **siqhubeke nokulawula ubufakazi bokuthi usemimweni sokubuqonda ubugebengu abenzayo;**
- **siqhubeke nokulawula ukuhlolwa kombiko wesikhulu esimbeke iso;**
- **siqhubeke nokulawula amaphuzu okumele abhekwe umshushisi lapho ethula inkulumo mayelana naloludaba olubekwe ngaphambi kokuphenywa kokuqala;**
- **siqhubeke nokulawula amaphuzu okufanele abhekwe yimantshi ephenyayo lapho yethula inkulumo ekuphenyweni kokuqala;**
- **siqhubeke nokulawula imiyalelo engenziwa ekuphenyweni kokuqala;**
- **sichibiyele ukubhalwa ukuze kuhunyushwe okushiwo inkulumo; futhi**
- **siqhubeke nokulawila amaphuzu okumele abhekwe yisikhulu sezomthetho lapho ebeka inkulumo mayelana naloludaba enkantolo yabantwana yobulungiswa; kanye nokuhlinzekela nezindaba ezihambelana nako.**

Izethulo ezibhaliwe kumele zifike **ungakadluli umhla lu-1 kuNdasa wezi-2019.**

Izicelo zamakhophi oMthethosivivinywa, izethulo ezibhaliwe kanye nemibuzo kungaqondiswa kuMnumzanw G Dixon, iKomidi Elibhekele ezokuVikela noBulungiswa, 3rd Floor, Office 133, 90 Plein Street, Cape Town, 8001 noma zithunyelwe nge imeyili kuleli kheli: gdixon@parliament.gov.za noma zithunyelwe ngefeksi kulenombolo: 086 658 9371.

Sikhishwe nguMhlonishwa SG Mthimunye, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi loMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe Elibhekele ezokuVikela noBulungiswa.